**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

1.1 **Ngiyazisola ngokungalaleli ngenkathi bengikhuza.**

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Bhala ngenkathi exubile.
- Kwakunini? Kuphi? Obani?
- Yini le owawukhuzwa kuyo?
- Kwaba namphumela muni ukungalaleli?/Izizathu zokuzisola.
- Indaba ayinamathele esihlokweni.

(Nokunye okuhambisana nesihloko) **[50]**

1.2 **Izindlela zokuvimba ukukhulelwa kwezingane ezincane.**

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
- Yiziphi izindlela zokugwema ukukhulelwa kwezingane?
- Indaba ayinamathele esihlokweni.

(Nokunye okuhambisana nesihloko) **[50]**

1.3 **Ukungabi bikho kwamathuba emisebenzi kudala izinkinga eziningi emiphakathini.**

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Bhala ngenkathi exubile.
- Chaza kabanzi ngezinkinga ezidalwa ukungabi bikho kwamathuba emisebenzi.
- Indaba ayinamathele esihlokweni.

(Nokunye okuhambisana nesihloko) **[50]**

1.4 **Imibono ehlukene ngabantu abenza imali ezinkundleni zokuxhumana**

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
- Veza amaphuzu aqhathanisayo.
- Indaba ayinamathele esihlokweni.

**Ubuhle:**

- Amaphuzu awaveze ubuhle kanye nobufakazi obesekelayo.

**Ububi:**

- Amaphuzu awaveze ububi kanye nobufakazi obesekelayo.

(Nokunye okuhambisana nesihloko) **[50]**

1.5 **Kungabe umuntu okhuluma iqiniso uyathandeka?**

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
- Isingeniso masiveze uhlangothi ohambisana nalo (ukuvumelana noma ukuphikisana).

**Amaphuzu avumelana noma aphikisana nesihloko:**

- Yethula amaphuzu adaza inkani.
- Isigaba nesigaba asigqamise iphuzu elihamba phambili bese wenaba ngalo.
- Indaba ayinamathele esihlokweni.

(Nokunye okuhambisana nesihloko) **[50]**

1.6 **Isithombe**

**Nikeza indaba isihloko esiyifanele.**

Izihloko ziyokwehluka:

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
- Isihloko masihambisane nokuqukethwe isithombe.
- Indaba ayinamathele esihlokweni.

**QAPHELA**: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhaliwe. **[50]**

1.7 **Isithombe**

**Nikeza indaba isihloko esiyifanele.**

Izihloko ziyokwehluka:

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
- Isihloko masihambisane nokuqukethwe isithombe.
- Indaba ayinamathele esihlokweni.

**QAPHELA**: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhaliwe. **[50]**

**Amakhodi okuqopha amamaki kulesi sigaba:**

- Q: Okuqukethwe
- SK: Isakhiwo
- L: Ulimi
- ST: Isitayela
- PT: Amaphutha

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QSK = 18
- LSP = 12

**OKULINDELEKILE:**

2.1 **INCWADI YAKOMKHULU/ESEMTHETHWENI**

- Ikheli lobhalayo alibe ngasesandleni sokudla, lihambisane nosuku olugcwele, Isib. (14 Lwezi 2025/14 Novemba 2025).
- Ikheli lobhalelwayo alibe ngasesandleni sokunxele, liqale ngesikhundla sobhalelwayo.
- Isibingelelo sobhalelwayo masikhombise isizotha, Isib. Mnumzane/ Nkosikazi/Nkosazane.
- Bhala isihloko, usidwebele noma usibhale ngosonhlamvukazi/ofeleba.
- **Isigaba sokuqala:** Bhala okukwenze wabhala le ncwadi.
- **Isigaba sesibili:** Asinamathele engqikithini yobhala ngakho.
- **Isiphetho:** Asikhuthaze/siveze izincomo/izixazululo/imibono ngalokhu okukhalazwa ngakho encwadini.
- **Isivaleliso:** Masikhombise isizotha: Yimina ozithobayo<br>uDon Mabizela (Mnu.)

Amagama awabe inani elifanele. **[30]**

2.2 **UMLANDO NGOMUFI**

- Bhala isihloko siveze namagama aphelele kamufi nesibongo.
- Bhala ngenkathi edlule.

**Isingeniso**:

- **Imininingwane ngomufi**:
  - Amagama kamufi aphelele nesibongo.
  - Usuku lokuzalwa nendawo azalelwa kuyona.
  - Abazali bakhe.
  - Usuku ahambe ngalo emhlabeni.

**Umzimba:**

**Isigaba sokuqala**:

- Imininingwane yemfundo (izikole nezikhungo, iminyaka afunda ngayo).
- Amagalelo nezikhundla ezikhungweni zemfundo uma efinyelele kuzo.

**Isigaba sesibili:**

- Imininingwane yasemsebenzini.
- Amagalelo nezikhundla emsebenzini (uma ebeqashiwe).
- Aphumelele kukhona/neqhaza abelibambile emphakathini.

**Isiphetho:**

- Abashiyile emhlabeni.
- Umusho omfushane wokumvalelisa. Isibonelo: Hamba kahle, Msweni, siyokukhumbula njalo!

**Qaphela**: Okuqukethwe makuhambisane nempilo kamufi.

Amagama awabe inani elifanele. **[30]**

2.3 **INDATSHANA/I-ATHIKHILI YEPHEPHANDABA**

- Usuku negama lephephandaba.
- Qala ngokubhala isihloko.
- Isingeniso masihehe.
- Isitayela asehluke, sixoxe ngqo nofundayo.
- Indatshana kumele iqubule isasasa.
- Okuqukethwe makunamathele esihlokweni.
- Imibono yombhali mayicace.
- Omunye angabuza imibuzo engadinge mpendulo.
- **Isiphetho**: Makube ngesifanele.

- Akuvele igama lobhalile nendawo ahlala kuyo.

Isibonelo: Ibhalwe nguKhuthala Nzima
eSOWETO

Amagama awabe inani elifanele. **[30]**

2.4 **I-INTHAVYU**

- Isihloko
- Ukwethula ababambe iqhaza.
- Isingeniso: - Ukubingelelana kwakho nomlingisi kamabonakude kanye nabalaleli emakhaya.

- **Umzimba:** - Ukubuza imibuzo.
  - Imibuzo kumele kube ehlaba esikhonkosini nokwethulwa kwayo kukhombise ukuhlonipha.
  - Izimpendulo maziphendule imibuzo ngokucacile.

- **Isiphetho:** Ukubonga nokuvalelisa.

Amagama awabe inani elifanele. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

**Amakhodi okuqopha amamaki kulesi sigaba:**

- Q: Okuqukethwe
- SK: Isakhiwo
- L: Ulimi
- ST: Isitayela
- PT: Amaphutha

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QSK = 12
- LSP = 08

**OKULINDELEKILE:**

3.1 **IFLAYA**

- Kumele ibe nesihloko noma ilogo ekhangayo/ehehayo.
- Kumele ikhulume ngqo noyifundayo.
- Kumele ibhalwe ngolimi olufingqayo.
- Kumele ibhalwe imininingwane efanele: indawo, ukuxhumana, amanani nezikhathi zokufunda. **[20]**

Amagama awabe inani elifanele.

3.2 **UMYALEZO OMFISHANE *(SMS)***

- Bhala usuku, isikhathi kanye nelanga.
- Akuvele igama lomuntu obhalayo.
- Bhala ngenkathi efanele.
- Bhala njengomuntu wokuqala.
- Sebenzisa ulimi oluzwakalayo noluhambisana nombhalo.
- Okuqukethwe makunamathele emyalelweni. (Obhalayo uthumela umyalezo kugogo.) **[20]**
- Bhala inombolo noma igama lothumele umyalezo.

Amagama awabe inani elifanele.

